INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KWEZOMNOTHO NEZOKUVAKASHA EMCIMBINI WOKUQWASHISA UMPHAKATHI NGEZIKHUNGO ZEMFUNDO EPHAKEME EZISEMTHETHWENI KWASANI, 25 JANUWARI 2014

Mphathi wohlelo
IMeya kuMasipala waKwaSani, uKhansela MB Banda
IMeya kuMasipala weSifunda saseHarry Gwala uKhansela ME Ndobe
Usihlalo wabaholi boMdabu iNkosi Chiliza
Amakhosi wonke akhona
Amalungu omphakathi

Kuyintokozo enkulu kithi njengoMnyango wezokuThuthukiswa kwezoMnotho nezokuVakasha ukuhlanganyela ndawonye nomphakathi waKwaSani ngaphansi kukaMasipala wesifunda oqanjwe ngegama lelinye lezingqalabutho zomzabalazo wenkululeko eNingizimu Afrika uBaba uHarry Gwala.

Mphathi-wohlelo, mangiqale ngokufisela umphakathi wonke unyaka omusha ophuphuma intokozo kanye nezibusiso. Okubalulekile-ke mphakathi waKwaSani ukuthi lo nyaka esikuwo ka-2014 uyingqophamlando kithi njengezakhamuzi zaseNingizimu Afrika kwazise ungunyaka lapho sigubha khona ukuphela kwamashumi amabili eminyaka selokhu kwanqotshwa ubandlululo esikhundleni salo kwangena uhulumeni ophethwe ngentando yeningi. Iyo kanye le ntando yeningi engikhuluma ngayo enika abantu bethu igunya lokuthi njalo emva kweminyaka emihlanu basebenzise ilungelo labo lokukhetha uhulumeni othandwa yibo. Njengoba sonke sazi, mphathi-wohlelo, nakulonyaka izakhamuzi zezwe zizophinda futhi zibabele ezikhungweni zokuvota ukuyosebenzisa lelilungelo ngosuku oluyomenyezelwa uMengameli wethu uJacob Zuma.

Ngaleyondlela, nathi njengoMnyango weZokuthuthukiswa kweZomnotho nezokuVakasha sathunywa yini eminyakeni emihlanu edlule ukuba siqinisekise ukuthi intuthuko ngakwezomnotho aniyizwa ngendaba kepha niyibona ngamehlo.

Mphathi-wohlelo, ngabe asibenzi ubulungiswa uma singabiki emphakathini owakhele uMasipala wesifunda saseSisonke ngesesiwenzele kona kuleminyaka emihlanu edlule kusukela ngo-2009 kuze kube yimanje.

Ngakho-ke njengabantu ababethunywe yini, kubalulekile phela ukuthi njengoba iminyaka emihlanu isifike emaphethelweni, sinibikele ngesasithunywe kona.

Uma nje singaqala sibheke izikhungo ezingaphansi koMnyango wezokuThuthukiswa kwezoMnotho nezokuVakasha siyathola ukuthi iDube Trade Port iqhamuke nohlelo lokucija intsha engu 40 yaseHarry Gwala namaphethelo ngamakhono ezomsebenzi.
Lesi sikhungo esisebenza ikakhulu nezikhondlakhondla zezinkampani laphaya ngasesikhumulweni sezindiza iKing Shaka International Airport sesibeke eceleni imali engango R1,8 million ukusiza ekuqeqesheni intsha efunda ezikhungweni eziphakeme.
Sikhuluma nje bangu 28 abafundi asebethole ukuqeqeshwa emikhakheni ehlukene yezamakhono kulesisikhungo kanti kunezinye izikhala eziyishumi nambili ezivulekile ezokhangiswa kungekudala.
Kanti-ke, mphakathi waKwaSani, akugcini lapho. IDube Trade Port ngokubona ukubaluleka kokuthi izwe lethu likhiqize abantu abanamakhono kwezobunjiniyela nemikhakha yezesayensi iphinde futhi yagixabeza intsha eyishumi yakhona lapha ngaphansi kukamasipala wesifunda saseHarry Gwala ngemifundaze kaR670 000 ukuba iyofundela ezobunjiniyela ezikhungweni ezifana neDurban University of Technology, University of KwaZulu-Natal kanye nase-Mangosuthu University of Technology ngonyaka ka-2014. Lokhu kuyinto esiyishayela ihlombe njengomnyango kwazise akugcini nje ngokunikeza intsha amathuba okuqhubezela phambili imfundo kepha kuyophinde futhi kufukule nomnotho wendawo kanye nesifundazwe saKwaZulu-Natali sonke. Sisekuzo nje ezokuthuthukiswa kwamakhono, siyathola futhi ukuthi nesikhungo sezemfundo ephakeme esingaphansi komnyango iMoses Kotane Institute naso sibeke eceleni imali engu R400 000 ukusiza abafundi basezikoleni ezine ngaphansi kukamasipala wesifunda iNokweja High, Webbs town, Ncomani High kanye ne Thelamiva High ezifundweni zezezibalo kanye nesayensi. Selokhu loluhlelo luqalile izikole ezibaliwe sezikwazile ukwenyusa amazing okuphazwa kwalezizifundo zafinyelela ku-50%.

Mphathi-wohlelo, uma sihlabela mgama nombiko wethu sibheka ngakwibhange lethu lezentuthuko Ithala nakhona futhi siyathola ukuthi kusetshenziswe imali eyevile ezigidini eziyishumi nantathu (R13-million) ukuthuthukisa ingqalasizinda yezemfundo ngaphansi kweHarry Gwala kwaqambeka futhi namathuba emsebenzi angu 200 kuleminyaka emihlanu edlule.

Kanti uma sibheka ecaleni lokusiza izinhlaka zomphakathi, osomabhizinisi abasafufusa kanye nemiphilandawonye ekuqaleni amabhizinisi nokuthuthukisa amakhono nakhona futhi kuyahlaluka ukuthi umnyango ufake imali eyizigidi ezingamashumi amabili nesishiyagalolunye (R29-million). Lapha singabala ukuthuthukiswa kwamakhono

osomabhizinisi abesifazane ngaphansi kukamasipala wesifunda, iprojekthi yezokuthuthukiswa kwezokuvakasha nezemvelo iNtsikeni Eco-Tourism Project, ukuxhaswa kwemboni yezokukhiqiza amalahle, ukuxhaswa kwemboni yezokukhiqiza ubisi i-Farmgate Dairy UHT milk processing plant kanye nokusungulwa komphakathi usungule ibhizinisi eligxile kwezamahlathi iSihleza Community Forestry Project.

Mphathi-wohlelo, asiqonde kugeqa magula ngoba uma singathi senze njalo impela kungaze kubuye izinkomo emadllweni. Njengoba nesiZulu sifakaza: 'Zinqunywa amakhanda ziyekwe'. Kodwa-yize kunjalo, asingabazi ukuthi umphakathi wonke okhona namuhla ungofakazi ukuthi cha, impela inkulu indima esikhathuliwe kuleminyaka emihlanu edlule.

Kulesisigaba mphakathi, ngithanda ukuthatha lelithuba ngibongele bonke labo abaphumele umatikuletsheni ngonyaka ka-2013 ngiphinde futhi ngiqinise idolo labo abangaphumelelanga ngokuthi abavuke bazithathe.

Kulabo abaphumelele ngithanda ukusho ukuthi njengoba sesike sachaza, izwe lethu lidinga kakhulu amakhono kwezesayensi nezobunjiniyela.

Lokhu kubiza sikhethe kahle izikhungo esizofunda kuzo kanjalo nezinto esifuna ukuzifunda.

Sonke siyazi ukuthi uJanuwari uyinyanga lapho khona izinkulungwane zabafundi zithutheleka ezikhungweni ezihlukene ngenhloso yokuthungatha izikhala zokuqhubezela phambili imfundo.

Kodwa-ke ngeshwa akusizo zonke izikhungo zemfundo ephakeme ezibhalisiwe ngokusemthethweni, kukhona nalezo ezivele zivumbuke nje kuhle kwamakhowe uma kade kuduma izulu, phecelezi ama-fly by night.

Lezi zikhungo azibhalisiwe nomnyango weZemfundo futhi zisuke zinganyelwe ogimbela kwesabo abangalikhathalele ikusasa lezingane kepha abasuke bebheke kuphela ukudla imali yabazali.

Kuyaye kube buhlungu kakhulu uma umfundi esebhalisile esethola ukuthi imali yabazali icwilile ngoba isikhungo asibhalisiwe.

Ngaleyondlela, uphiko lwethu lokubhekelwa kwamalungelo abathengi iConsumer Affairs ithanda ukudlulisa umyalezo namuhla wokuthi abafundi abaqikelele ukuthi uma beyobhalisa abaqale babheke izitifiketi zezikhungo abasuke bebhalisa kuzo ukuthi zisigunyazile yini leso sikhungo ukuthi sifundise. Lesi sitifiketi kumele siphanyekwe odongeni kwisikhungo ngasinye. Umfundi unalo futhi igunya sokucela ukusibona.

Siyathanda futhi ukunxenxa abafundi ukuthi bangalixwayi ihhovisi le-CAO okuyilo elibhekele ukufunela abafundi izikhala ezikhungweni ezisemthethweni kanti lona

litholakala kule zinombolo (031) 268 4444 okanye Share Call: 086 0860 226.

Kanti noNgqongqoshe weMfundo ephakeme kuZwelonke uMhlonishwa uDkt. Blade Nzimande usanda kumelezela ukuthi kunehhovisi elaziwa nge-Central Application Clearing House (CACH) elizobhekela izicelo zalabo bafundi ababengaka zitholi izikhala zokufunda ngenkathi kuphuma imiphumela yabo kamatikuletsheni. Lona-ke litholakala kwizinombolo ezithi 0860 356 635 kanti ungaphinde futhi ubhalise ngokuthumela igama lakho nenombolo kamazisi nge-sms ku 49200.

Nomphakathi siyawucela ukuthi ubike zonke izikhungo zemfundo ezingekho emthethweni emnyangweni wezemfundo futhi uqinisekise ukuthi isikhungo sibhalisiwe yini ngokushayela izinombolo ezithi 0860 596 363 ngaphambi kokubhalisa.

Mphathi-wohlelo, sithanda ukukhumbuza umphakathi ukuthi ihhovisi lethu lakwa-Consumer Affairs liphinde futhi lidlale enkulu indima ekuvikeleni amalungelo abathengi ngakho-ke nabo kumele bazijwayeze ukuxhumana nalo uma bedinga ubulungiswa njengabathengi.

Leli hhovisi likhona kubo bonke omasipala KwaZulu-Natali kanti lapha eHarry Gwala liyatholakala laphaya ku-Trogon Place, 139 Margaret street, eXopo.

Kuyasithokozisa-ke ukuthi eminyakeni edlule lelihhovisi lithole izikhalo ezevile kweziyizinkulungwane eziyisikhombisa kanti kulesisibalo likwazile ukufinyelela esiphethweni sezingu-1134 nokwaholela ekutheni abathengi balondoloze imali engu R4.163 million.

Ngesikhathi samaholide kaDisemba leli hhovisi lathola izikhalo ezingu the end of of 10 043 kanti lalondoloza imali yabathengi engaphezulu kuka-R 7 million.

Mphathi-wohlelo, sengisondela ngasemaphethelweni nje ngithanda ukukhumbuza umphakathi ukuthi ihhovisi lakwa-Consumer Affairs linobudlelwano obuhle kakhulu nezinhlaka ezihlukene zezezimali kubalwa kuzo isigungu sabathengi kuzwelonke, iNational Consumer Forum, ihhovisi lomvikeli wabathengi, (Ombudsman for Banking Services) i-Estate Agency Affairs Board, umkhandlu wabaqoqi bezikweletu (Council for Debt Collectors), amabhange, abama-medical aid, amakhosi kanye nabasebenzi bomphakathi.

Lokhu kuchaza ukuthi thina njengabathengi sivikelekile ekutheni singaxhashazwa abantu abafuna ukusiboleka imali esiyohluleka ukuyikhokha kumbe omashonisa abasikhokhisa inzalo enkulu kumbe bagcine omazisi bethu.

Sengiphetha mphakathi, ngithatha leli thuba ukuphinde nginikhumbuze ukuthi njengoba nje kuvotwa kulonyaka, futhi nenhlangano eyengamele ukhetho i-IEC ikubeke

kwacaca ukuthi umuntu kudingeka abe yisakhamuzi saseNingizimu Afrika esinomazisi onamagabelo ukuze akwazi ukubhalisela ukuvota, niyobe nizigwaze ngowenu uma nithathe omazisi benu nayobanika omashonisa babagcine ngoba bethi bayobabuyisa mhla nakhokha izikweletu kubo. Uma kukhona umuntu enimaziyo owenza lo mkhuba mubikeni ehhovisi lethu le Consumer Affairs ngoba kuchaza ukuthi lowo Muntu uniphuca ilungelo lenu eliqoshwe phansi komthetho sisekelo waseNingizimu Afrika lokuthi nikwazi ukuyovotela uhulumeni othandwa yini.

Ngiyabonga